BT NEWS
IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI
www.btnews.co.za • 31 July 2025

DeComms
Painting Services
- Residential & Commercial
- Paint & Stain Finishes
- Skimming
- Deck Finishing & Maintenance

**Contact number:** 072 284 1191
**Email:** mazoemt@gmail.com

# Ingase iphothulwe ngo_2026 iKings Park Swimming Pool

**Nash Ngcobo**

KUSAQHUBEKA ukuvuselelwa kwedamu elikhulukazi iKings Park Swimming Pool eThekwini okuzodla izigidi ezingaphezulu kwama__R42 (million).

Nakuba sekuphothuliwe ukulungiswa kwezinye izingxenye okubalwa kuzo izindonga zikakhonkolo nophahla, kusekuningana okusazomemezelwa ekuvuselelweni kwale lidamukazi.

Lokhu kuqnisekiswe nguMqondisi Osabambile woMnyango wezokuNgcebeleka namaPaki kuMasipala weTheku uDkt Zakhi Mkhize.

"Njengamanje sesiqala isigaba sokwenziwa kabusha kwedamu ngenhloso yokufeza ukulenza libesezingeni lomhlaba kuyo yonke imikhakha ikakhulukazi ukubukeka kwalo.

"Ukuphothulwa kwale lidamukazi elikhulu kunawo wonke eNingizimu Afrika, kulindeleke ukuthi kube ngonyaka ozayo ngoNtulikazi, " kusho uDkt Mkhize. Uveze ukuthi le lidamukazi selivunywe ngisho yi_ International Olympics Committee (IOC). Le lidamukazi lizohlinzeka imiqhudelwano yangaphakathi nangaphandle kwenkundla.

Eyangaphakathi izoba ngeyebanga lika_50m kuthi eyangaphandle ibe ngama_25 ubude no_6.5m ukushona phansi.

Lokhu kwenziwa kabusha kwale lidamu kuyingxenye yomkhankaso wedolobha ukugcina izakhiwo zalo zisezingeni elihle njengokohlelo ezazakhelwe lona nokuheha izivakashi.



UDKT Zakhi Mkhize echazela ithimba labezindaba ebelivakashele kule lidamukazi ukuzokhonjiswa umsebenzi osuwenziwe kusukela kuqale lo msebenzi nyakenye.

ON AIR UMLAZI FM IFIKILE I NUZ!!



48 Ithala Business Park Umlazi V section

https://Umlazifm.radio12345.com

selemelaachibold@gmail.com

ABC Grassroots CERTIFIED PRINT RUN | AIP ASSOCIATION OF INDEPENDENT PUBLISHERS | Press Council FAIR



BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

- Facebook: BTNews
- Instagram: btnews2023
- Email: promotions@btnews.co.za
- Website: www.btnews.co.za




# ISASSA imemezele izinguquko ngabahola izibonelelo zikahulumeni

IZINGUQUKO ezenziwa ngaphakathi kwiSouth African Socal Security Agency (SASSA) ngeke ziphazamise ukuholwa kwezibonelelo, kepha zihlose ukunqanda inkohlakalo nokungasetshenziswa ngendlela efanele kwemali kahulumeni.

Lezi zinguquko zibheka ukuthi abekho abahola izibonelelo sebemi kahle kwezezimali nezabantu asebadlula emhlabeni. Konke okwenziwayo kuhambisana neSocial Assistance Act ephoqa ukuba kuhlomule abantu abafanele kuphela.

Ziza ngemuva kokuvela kokuthi baningi abahola izibonelelo ekubeni isimo sabo sezimali singahambisani nokugunyazwe ilo mthetho. Okwamanje akukho okuhleliwe ngokuthathela izinyathelo abantu abephule lo mthetho.

Izinhlelo zegxathu elithathwe iSASSA njengoba kuqala unyaka wezimali ka-2025.2026 zivezwe uMnu Themba Matlou oyiSkhulu esiPhezulu salesi sikhwama kwisithangami nabezindaba eHartfield, ePitoli.

Siza ngemuva kokuphazamiseka kokukhokhwa kwezibonelelo zabangu-210 000 kusukela iSASSA yenze isimemezelo ngo-Ephreli wawo lo nyaka, iveza ukuthi selizogaya ngomunye umhlathi njengoba kuqala unyaka wezimali omusha.

Ukuphazamiseka kokukhokhwa kwezibonelelo kungenxa yengcindezi evele ePhalamende ngenkohlakalo eyenzeka kulesi sikhwama eyenziwa abasebenzi baso, okanye abantu abasebenzisa imniningwane ewumgunyathi.

"Akekho umuntu ongeke athole isibonelelo sakhe, kepha kumele siqale siqinisekise ukuthi imniningwane esinayo iyiqiniso. Kuphazamiseke ukuhola kwabantu esisabaphenya kuphela," kusho uMatlou.


OyiSkhulu esiPhezulu seSASSA uMnuz Themba Matlou kwisithangami nabezindaba ngodaba lokuphazamiseka kokuhola izibonelelo kwabangu-210 000 okungakaqinisekiswa isimo sabo sezimali.

Uqinisekise ukuthi bonke abahola izibonelelo basasithola ngendlela ejwayelekile, kepha ngenxa yalolu hlelo kukhona abangeke bahole ngezinsuku ebebejwayele ukuhola ngazo. Kwengwezwe olunye usuku lokuhola lwabo kuphela.

Bazoqala ukuhola emva kosuku lwesine. Bonke kumele beye emahhovisi eSASSA ukuyohlinzeka abasebenzi ngalo lonke ulwazi namadokodo adingekayo ukuze bezofakwa ohlwini lwabazohola ngezinsuku ezijwayelekile.

Okubaluleke kakhulu ukuthi ukungalandeli okushiwo iSASSA kungaholela ekuvalweni kwesibonelelo, akukhethi ukuthi usithola ngokufanele noma cha.

Okwamanje bangaphezu kuka-19m abahola izibonelelo kuleli.

Uma kuphazamiseke ukuthola isibonelelo ngenxa yalolu hlelo, kuyakuphoqa ukuba uye ehhovisi leSASSA kungakapheli izinyanga ezintathu. Kushaye isikhathi sokushicilela kusaziwe abangu-140 000 ngalezi zinguquko.

"Izibonelelo ezabantu abahlwempu, abayidinga ngempela le mali. Akekho okungaphela izinyanga ezintathu engalandeleli, lokhu kuveza ngokusobala ukuthi akayidingi le mali noma ungumuntu owenza inkohlakalo," kusho uMatlou.

ISASSA ihlele ukuthi bebe ngu-300 000 okuzolandelelwa imininingwane yabo kungakapheli u-2025. Uhlelo luzosebenza minyaka yonke, luhambisana nezinye iSASSA ethembise ukuzivezela umphakathi khona maduze.

Kuzo kubalwa ukuthunyelwa kwemnniningwane edingwa kulolu hlelo kanye nokufakwa kwezicelo zesibonelelo ngokusebenzisa i-internet ngenhloso yokunciphisa olayini emahhovisi eSASSA.

UMnu Brenton van Verde oyi-Executive Manager yeGrant Operations kwiSassa, uyalele abasahola ngezinsuku ezejwayelekile ukuba bengayi emahhovisi eSASSA uma bengakawatholi ama-SMS abazisa ngezinguquku kuma-akhwanti wabo.

Kudingeka uphathe umazisi, incwadi eqinisekisa ukuthi awusebenzi noma i-payslip, imininingwane yasebhange, nencwadi eqinisekisa ukuba isakhamuzi. Abahola esabaphila nokukhubazeka kumele baphathe incwadi kadokotela.

Abahola izibonelelo zezingane abangazizali bona kumele bephinde bephathe izitifiketi zokufa zabazali bazo, phecelezi death certificate. Ongakwazi ukufinyelela ehhovisi leSASSA uyakwazi ukuthumela umuntu amethembayo.

"Sicubungula isimo ngasinye. Umama othola imali yesondlo kuyise wengane noma umuntu osekhulile ophiwa imali izingane zakhe usakufanele ukuhola isibonelelo, kepha kumele ayazise iSASSA," kusho uvan Verde.

Ngokwemqathango emisha ekhishwe ngo-Ephreli, umuntu ofanelwe isibonelelo ohola ngaphansi kuka-R8 760 ngenyanga, kube inani eliphindaphindwe kabili uma kungabantu abashadile.

Kumele ebe nezinto ezingamungenisela imali ezingevile kwinani elingu-R1.27m, eliphindaphindiwe kwabashadile. Yonke eminye imgomo ebisebenza phambilini ayikakashintshi.

UMatlou ukuvumile ukuthi kukhona abangamazambane abolile kwiSASSA, wenxusa izakhamuzi ukuba zibambisane nabo ekukhuculuuleni inkohlakalo kulesi sikhwama ngokubika abenza okuphambene nomthetho.

Amazwi aMaltou enanelwe uNks Nokuzola Tolashe onguNgqongqoshe woMnyango wokuThuthukiswa koMphakathi, othe abantu abahola izibonelelo kumele bephinde belandele izindlela ezifanele zokuxhumana neSASSA.

"Sikhuthaza ukuba kulandelwe imyalezo eqhamuka kwiSASSA nabezindaba abathembekile kuphela ukuze kuzogwemeka ukuqolwa kwabantu nokwebiwa kwemnniningwane yabo izigebengu," kusho uTolashe.

BTNEWS IPHEPHANDABA LOMPHAKATHI

YOUR MONTHLY COMMUNITY **FREE** NEWSPAPER

You can book your space via email: sales@btnews.co.za

**Contact No:** 079 227 8383

www.btnews.co.za

CONTACT THOBILE BLOSE NOW TO ADVERTISE & GROW YOUR BUSINESS!

e-mail: thobileb@btnews.co.za




Send us an email to subscribe and receive the monthly paper via email: sales@btnews.co.za

ETHEKWINI MUNICIPALITY

**ITheku talks** | KEEPING YOU IN THE KNOW

BY 2030 ETHEKWINI WILL BE AFRICA'S MOST CARING AND LIVEABLE CITY

# UR23 billion wokunweba iSibaya Coastal Precinct

**SOHANA SINGH**

IMEYA yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, yamukele uhlelo lokunwetshwa kweSibaya Coastal Precinct ngoR23 billion kanti abathuthukisi bezakhiwo, iDevmco, sebeqalile ngomsebenzi wengqalasizinda kuyo yonke le ndawo.

Isigaba esilandelayo sibandakanya izakhiwo zokuhlala eziwu-400, u-100 000 square metre wezitolo namahhovisi, indawo yezempilo, izindawo zokudlela ezivelele ezithuthukisiwe ezihlanganisa amahektha angaphezu kuka-1000.

Emcimbini obungomhla ka-19 Juni obuhanjelwe nguNdunankulu waKwaZulu-Natali, uThami Ntuli, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nezeMvelo e-KZN, uMfundisi Musa Zondi, iMeya yeTheku, uKhansela Cyril Xaba, nababambiqhaza ababalulekile kwezamabhizinisi.

UMeya Xaba uthe: "ISibaya Coastal Precinct wuhlelo okusebenzisana kulona iDevmco kanye noMasipala weTheku okuqinisekise ukuthi le ntuthuko iyaqhubeka ibe yilokhu esikubonayo namhlanje," usho kanje.




**UMasipala wamukele uR23 billion wokunweba iSibaya Coastal Precinct njengoba abathuthukisi sebeqalile ukumba kule ndawo. Isithombe esithathwe emcimbini uNdunankulu waKwaZulu-Natal uThami Ntuli, uNgqongqoshe wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nezeMvelo uMfundisi uMusa Zondi, iMeya yeTheku uKhansela Cyril Xaba, nosomabhizinisi ababalulekile.**

Isithombe: THULI DLAMINI

Ngotshalomali lukaR23 billion kanye nemali elinganiselwa kuR3.8 billion ezotholwa ngokukhokhwa kwa-marates ezakhiwo esikhathini esiyiminyaka eyisishiyagalombili, le ntuthuko yethembisa ukuthi izowuguqula kakhulu umnotho.

"Sinethemba lokuthi lolu guquko luzoza nezinzuzo kubantu bakuWadi 58 no-102, kanjalo nomphakathi wonke waseThekwini," kwengeza uMeya Xaba.

Kusukela ekusungulweni kwaso, iSibaya sibe wuphawu lwempumelelo eThekwini.

Ngo-2018 sizuze inani eliphezulu lokudluliswa kobunikazi bezakhiwo kuleli. Ezinyangeni eziwu-18 ezidlule kuphela, kwedluliswe ubunini bezakhiwo obubalelwa kuR1.5 billion. UMeya Xaba ugqamise ukuthi njengohulumeni, nabo balibambile iqhaza labo lokuthuthukiswa kwengqalasizinda.

"Le ntuthuko akuyona eyakule ndawo kuphela, kodwa ngeyenzuzo yesifunda sonke. Lokhu kubandakanya imizila ebalulekile efana no-M4, u-M27, iSibaya Drive neminye ethintekayo ku-N2."

Inzuzo yomnotho ihlanganisa ukukhula okulindelekile ukusuka kuR219 million kuya kuR770 million ngonyaka emalini ezotholwa ngokukhokhwa kwama-rates kuMasipala kusukela ngo-2025 kuya ku2032 namathuba emisebenzi awu-20 000 kanye namathuba ayitoho awu-50 000 azodaleke ngesikhathi sokwakha nangemuva kokwakhiwa.

UBrad Winstenley oyiCommercial Director kwiDevmco Group, uthe: "ISibaya Coastal Precinct iyashintsha isuka ekubeni wumbono iya ekubeni yisibonelo sokuthuthukiswa kwamadolobha. Sizitholile izimvume esizidingayo, imisebenzi yengqalasizinda iqalile, kanti konke kumi ngomumo ukufeza lolu hlelo olukhulu," kusho uWinstanley.

## *U-R67 Million wokulungisa amahostela*

**SIMPHIWE DLAMINI**

UMASIPALA weTheku wabe uR67 million onyakeni wezimali ka-2025/26 wokuqhubeka nokuvuselela iWema Community Residential Unit (CRU), ebiyaziwa ngehostela i-SJ Smith kanjalo neJacobs CRU eseduze.

Lesi sabelomali sikhombisa ukuzibophezela kukaMasipala ekuguquleni lezi zindawo ebezingamahostela abasebenzi abasuka ezindaweni ezikude bezofuna amadlelo aluhlaza, ukuze zibe yizindawo zokuhlala zesimanje, ezinesithunzi.

Lezi zindawo zakhiwa ngeminyaka yo-1950 kanti yinkulu inqubekelaphambili esibonakala emsebenzini wokulungisa lezi zindawo, oholwa wuPhiko lwezokuHlaliswa kwaBantu lukaMasipala. UMqondisi woPhiko lwezokuHlaliswa kwaBantu, uLawrence Pato, uthe sekwengezwe amabhulokhi amasha awu-23, kusukela kuBlock R kuya kuBlock AO, eWema CRU, kanti izakhiwo ebezivele zikhona ezifana noBlock D, E, no-J zona zilungiswe kakhulu.

"U-Block F ubhidliziwe ukuze kuvulwe isikhala sezindlu eziwu-80 futhi amathenda okuthuthukiswa kukaBlock C no-G ayaqhubeka njengamanje. Lolu hlelo lokulungisa olukhulu kangaka yindlela okutshalwa ngayo izimali kwezenhlalakahle zezakhamizi zakuma-CRU. Lesi sabelomali sikaR67 million sizoqinisekisa ukuthi siyaqhubeka nokwenza umsebenzi ongaphezulu kokuhlinzeka ngezindlu kodwa sakha nemiphakathi ephephile, ezinzile, enenhlalo enhle," kusho uPato.

Ushintsho olwenziwa kule ndawo akulona olwezakhiwo nje kuphela. Izinhlelo zomphakathi ezifana neWema CRU Netball Club isiza ekukhuthazeni ukuzibandakanya komphakathi ezinhlelweni ezakhayo, ikakhulukazi ezindaweni ebezigcwele abesilisa.

UThemba Mvubu, onguSihlalo weKomidi lezokuHlaliswa kwaBantu, ezobuNjiniyela, nezokuThutha kuMasipala weTheku ulwamukele lolu hlelo.

"Njengoba isabelomali esisha sesikhona, iWema CRU neJacobs CRU asezoba yizibonelo ezihamba phambili zendlela uhulumeni ongaqhuba ngayo izinhlelo zokuvuselelwa kwamadolobha nokuthuthukiswa komphakathi," kusho uKhansela Mvubu.

## ITheku liqwashisa ngamarabi ngemuva kokufa kowaseZimbokodweni

**ZIMBILI MAZIBUKO**

UMASIPALA weTheku uqinisa imizamo yokuvimba ukusabalala kwamarabi nokugwema ukufa kwabantu ngemuva kokushona komnikazi wenja olunywe yinja yakhe eZimbokodweni.

Le nja ebingagonyiwe ikhombise izimpawu zamarabi okubalwa kuzona ukushintsha kwendlela yokuziphatha kwayo nolaka.

UThokozile Ngcobo, oyiCommunicable Diseases Co-odinator kuMasipala, uthe umufi ubengacabangi ukuthi inja yakhe inamarabi. "Sithe uma sesenza ucwaningo, sathola ukuthi lo wesilisa ulunywe yinja ngoMashi wangaya ukuyothola usizo lwabezempilo. Uze waya emtholampilo ngoMeyi, ubuthi besebusabalele emzimbeni wakhe washona ngenxa yalokho," kusho uNgcobo.

Amarabi yisifo esithathelana ngamathe ezilwane ezincelisayo, okubalwa kuzo izinja, amakati, ochakide, izimbuzi, nezinkomo, kanye nezinye. IWorld Health Organisation ibala amarabi njengesinye sezifo ezinobungozi ezinganakiwe, ikakhulukazi esikhahlameza abantu abahlala ezindaweni ezingenayo ingqalasizinda eyanele.

"Ngokuhambisana nalokhu, sesibe nemihlangano emibili ehlanganisa ababambiqhaza beminyango ehlukahlukene abazibophezele ekwesekeni lolu hlelo ngemizamo edidiyelwe. Sesigome izilwane zasekhaya eziwu-385 okuyizinja eziwu-372 namakati awu-13," kusho uNgcobo.

Ezinye zezimpawu zamarabi kubantu zifaka ikhanda elibuhlungu, imfiva, ukudideka komqondo, nobuhlungu bemisipha, nokunye.

Usizo oluphuthumayo njengokugezisisa isilonda ngamanzi ahambayo nokufuna usizo lwabezempilo ngokuphuthuma.

Uma umuntu elunywa noma eklwejwa yisilwane esinamarabi, lokho kumele kubikwe ngoba singatholakala ngalelesi sifo. Izinhlelo zokugoma zizokwenziwa kuMasipala wonke.

Ngolwazi oluthe xaxa, umphakathi ungaxhumana ne-eThekwini State Vet Office ku-031 328 9300.

ETHEKWINI MUNICIPALITY
BIN IT
REDUCE • REUSE • RECYCLE


# Uzothatha ikhefu uMchunu kuladela izinsolo zobugebengu



UMengameli wezwe uCyril Ramaphosa ekomkhulu ethula inkulumo ebhekiswe esizwe mhla ziyi-13 Julayi, 2025.

**Ntokozo Cele**

UMengameli uCyril Ramaphosa ubeke uNgqongqoshe wamaPhoyisa uSenzo Mchunu kwikhefu eliphuthumayo lezinyanga eziyisithupha elikhokhelwayo ngoJulayi 13, 2025, kusalindwe uphenyo lwenkohlakalo.

Lesi sinqumo sikaMengameli Ramaphosa silandela izinsolo zikaLieutenant General Nhlanhla Mkhwanazi ngenkohlakalo ebhekiswe kuNgqongqoshe uMchunu nezinye izikhulu eziphezulu zamaphoyisa, ethi bayathinteka emaqenjini ama-mafia nokuvalwa kungafanele amacala okubulawa kosopolitiki.

Ngalokho uMengameli usesungule ikhomishana yophenyo, eholwa yiSekela leNhloko yamaJaji, uMbuyiseli Madlanga, no-Advocate Sesi Baloyi SC kanye no-Advocate Sandile Khumalo SC njengabasizi bakhe, ukuze kuqinisekiswe ukuziphendulela.

IKhomishani izophenya ngezinsolo eziphathelene nezinsolo ezibhekiswe kwabomthetho, ezobunhloli kanye nezikhungo ezihambisana nazo ngaphakathi kohlelo lwezobulungiswa bobugebengu ngamathimba obugebengu. Phakathi kwezinsolo iKhomishana engase iziphenye kubalwa ukugqugquzela ubugebengu obuhleliwe, ukucindezelwa noma ukujivazwa kophenyo, ukubandakanyeka ezenzweni zobugebengu kobuholi bezomthetho.

"Ikhomishana izophenya indima edlalwe yizikhulu eziphezulu zamanje noma zangaphambili ezikhungweni ezithile okungenzeka zisize noma zisekele lezinsolo zobungebengu. Kubalulekile ukuthi lezi zindaba zisingathwe ngokushesha nangokucophelela," kuchaza uMengameli uRamaphosa.

Yize lezinsolo ezibekwe uMchunu ziqinisa, kodwa yena uyaqinisekisa ukuthi akahlangene nalokho ayamaniswa nakho, kanti futhi usamukele ngezandla zombili isinqumo sokumiswa kwakhe umengameli ngeSonto.

"Ngiyasamukela futhi ngiyasihlonipha isinqumo sikaMongameli futhi ngiyazibophezela ekuzibophezeleni kwami kulolu hlelo. Ukuhlonipha nobuqotho yizinto ezinhle engizibophezele kuzo futhi okudingeka sonke senze imizamo yokuyigcina. Ngimi ngomumo ukuphendula izinsolo engibekwe zona futhi ngiphendule izakhamizi zaseRiphabhulikhi, ngokugcwele nangobuqotho," kuchaza uMchunu.

Isikhundla sakhe sizovalwa nguSolwazi Firoz Cachalia wezoMthetho eNyuvesi yaseWitwatersrand, ongelona ilungu lePhalamende Likazwelonke. Kulindeleke ukuthi athathe lesi sikhundla ekupheleni kukaJulayi.

## Kubanjwe abokufika abebefuna ukuncindela abakuleli kutakulo lahulumeni

**Ntokozo Cele**

UMNYANGO wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal uhlonze okungenani abayishumi abavela kwabanye amazwe angaphandle ngokungemthetho abazame ukuhlomila kwizindlu zesikhashana ekuhlose ukuhlomuliswa ngazo izisulu zezikhukhula zaseThekwini.

UNgqongqoshe wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu, uMnuz Siboniso Duma uveze ukuthi kwizindawo eziyisithupha ezizungeze iTheku ezihlose ukuhlomulisa laba abakhahlamezeka kutholakala abathizeni abangafanelwe ukuhlomula kulesi sikhwama.

"Kuthe uma sithi sizobalekelela ngokuthola omazisi eMnyangweni wezaseKhaya banqaba, abanye banyamalala. Manje siqinisa isandla ekutheni ngubani okumele ahlaliswe kwizindlu zesikhashana, njengoba asifuni ukukhokha izigidi zamarandi kubantu abangafaneleki." Kuchaza uNgqongqoshe uDuma.

Umgqugquzeli eKZN, uMnuz Scelo Mlaba, uthe abantu baseNingizimu Afrika balahlekelwe yithemba ngenxa yabantu abangenazo izincwadi. Uthi uphiko lwe-Operation Dudula luphonsele inselelo iminyango kahulumeni ukuthi iqinisekise ukuthi abokufika abangenazo izincwadi badingiselwa emazweni abo uma sebetholakele.

"Asibazomdi abokufika, kodwa simelene nalabo abeqa imingcele yethu bangene ezweni lethu ngokungemthetho bese befaka isandla ekucindezeleni izinsiza zethu ezivele zintekenteke," kusho uMlaba.



UNgqongqoshe wezokuThutha nokuHlaliswa kwaBantu, uMnuz Siboniso Duma.

I-SAHRC ithe ngokuhambisana nezibopho zomthethosisekelo, wonke umuntu ezweni - ngezikhathi zezinhlekelele noma izimo eziphuthumayo - kufanele athole usizo olusheshayo olufana nokwelashwa, amaphasela okudla, noma ukwelulekwa.

IMenenja ye-SAHRC eKZN, uPavershee Padayachee, uthe imithetho inquma ukuthi ubani ofanelekela ukuthola indawo yesikhashana yezimo eziphuthumayo.

Uthe umthetho womthetho kumele uqondise lezi zenzo, kodwa ezimeni ezibeka impilo yabantu engcupheni, ukuphepha kwabo bonke abantu kumele kuze kuqala, kube nezinqubo zemibhalo okufanele zilandelwe ngemuva kwalokho.

Wengeze ngokuthi omasipala, kufanele baqinisekise ukusatshalaliswa kosizo ngendlela efanele futhi edidiyelwe.

## Umasipala waKwaDukuza uxwayisa ngezigilamkhuba ezihlola izipaza ngokungemthetho

**Ntokozo Cele**

UMNYANGO wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo KwaZulu-Natal ukhathazekile ngombiko wokuhlolwa kwamabhizinisi okungekho emthethweni okwenziwa kuMasipala waKwaDukuza nakwezinye izingxenye zesifundazwe ngabantu abazenza izikhulu ezithunywe uMnyango.

Lokhu kuhlolwa okungagunyaziwe kusolwa ukuthi kwenziwe ngehloso yokuzenza abagqugquzeli bokuthotshelwa komthetho kanye nokulandelwa kwemithetho emabhizinisini.

Laba benzi bobubi basebenzisa igama loMnyango baphinde baqambe amanga ngokugunyazwa izikhulu eziphezulu. Leli qembu liphinde lisolwe ngokufuna imali kubanikazi bezitolo zespaza abasengozini, iningi labo okungabokufika.

Uphenyo luveze ukuthi kunenkampani ezimele, ehweba ngegama elithi My Spaza Asiphephe, okuyiyona eqhuba lezi zinhlelo. Le nkampani ike yakhuluma noMnyango ifuna ukusebenzisana ngokusemthethweni ukuze ihlole kodwa isicelo sayo asamukelwanga ngokusemthethweni. UMnyango awunikezi futhi ngeke ukhiphe izibopho zokulawula noma zokuphoqelela kunoma yiziphi izinhlaka ezizimele.

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo, uMfundisi Musa Zondi, usigxeke kakhulu lesi senzo.

"Lezi zenzo sizibona njengobugebengu futhi azikho emthethweni. Laba bantu bazenze izikhulu zikahulumeni, benza izenzo zokukhwabanisa, futhi babukela phansi isithunzi soMnyango wethu kanye nomsebenzi osemthethweni wokuqinisa umthetho esiwenzayo nge-Integrated Compliance and Regulatory Forum (ICOREF). Sisebenzisana eduze ne-SAPS ukuqinisekisa ukuthi labo abathintekayo bayaphendula," kuchaza uMfundisi Zondi.

**UMnyango uqinisekisa lokhu okulandelayo:**

- Konke ukuhlolwa kwebhizinisi kwenziwa yizikhulu zikamasipala ezigunyaziwe kanye nabasebenzi bakwa-EDTEA, ngokuhambisana noMthetho Webhizinisi No. 71 ka-1991.
- Noma yimuphi umuntu noma inhlangano etholakala izenza uhulumeni noma ihlola okungekho emthethweni izophenywa futhi ishushiswe.

I-EDTEA inxusa wonke amabhizinisi, ikakhulukazi asemgwaqweni, ukuthi ahlale eqaphile futhi abike noma yiziphi izenzo zokuhlola ezisolisayo enombolweni yamahhala yoMnyango ethi 0800 701 701 noma nge-imeyili ku-Fraud.Corruption@kznedtea.gov.za.

## OwoSuthu ukhumbule isikole aqala kuso ukufunda ngolokubungaza uNelson Mandela

Kupendwe kabusha isikole, kwalungiswa nezinto ezincane ebezidinga ukulungiswa. AmaZulu FC enze lokhu ngokuhlanganyela neMangusuthu University of Technology (MUT) kanye ne-aQuelle enikele ngethangwe lamanzi ngaphezulu. Bahambise imnikelo bephelezelwe abalingisi bomdlalo Uzalo.

UMnuz Philani Ndlela wezokuXhumana nabeziNdaba kuSuthu, uthe benze lokhu ngenhloso yokubuyisela abafundi ithemba ngekusasa, beqonde ukuthi indawo abaqhamuka kuyo ayilawuli ikusasa labo njengoba kwenzeka nakuZungu. Uthe izifiso zeqembu zihambisana nezikaMandela zokuthi abanamandla besize abadonsa kanzima.

AmaZulu FC azophinde ebhekelele ukulungiswa kwengqalasizinda, kuzosetshenziswa u-R50 000. UMnuz Siyabulela Mkhwalo oyiPhini likaMqondisi woPhiko lwezeMdlalo eMUT, uthe leli gxathu liyisiqalo sokusebenzisana kwizinhlelo eziningi phakathi kwenyuvesi neqembu kwazise umphathi walo unguShansela waseMUT.

"Ngaphezu kokubuyisela emphakathini, sikholwa ukuthi ubudlelwane buzophinde buvulele izitshudeni ithuba lokufeza amaphupho wazo kwezemdlalo. Businika nethuba lokubonakalisa ukuthi sibakhathalele kanjani abahlali baseMlazi," kusho uMkhwalo oveze nokuthi ukungabi kwisimo esihle kwesikole kubashiye nesilonda ezinhliziyweni zabo.



Injabulo kubafundi nothisha baseMafukuzela Junior Primary bependelwa isikole kubungazwa iMandela Day



Baphakelwe ukudla kwesisu nokwengqondo abafundi baseThandukwazi Senior Primary

## Bakhuthazeke ngekusasa eliqhakazile abafundi basesikoleni saKwaMashu

IKUSASA labafundi baseThandukwazi Senior Primary selisezandleni zabo kulandela ukwelulekwa kwabanzi ngezindlela zokuziphatha nemgudu yokuthola usizo uma ubhekene nengcindezi, ekubeni bephinde bahlinzekwa nangolwazi ngemkhakha yemsebenzi etholakala kwizitimela nezokuthutha.

Muva nje, isikole besivakashelwe abePassenger Rail Agency of South Africa (PRASA) ukuyobungaza iMandela Day. UMnuz Hishaam Emeran oyiSkhulu esiPhezulu sePRASA, uchazele abafundi ukuthi imfundo iyona kuphela enamandla okusimamisa izimpilo zabo, akukhethi ukuthi ungena kwezamabhizinisi noma ufuna umsebenzi.

"UMnuz Nelson Mandela wakubona ukubaluleka kwemfundo, yingakho akhuthaza wonke umuntu ukuba eqinisekise ukuthi akukho okuphazamisa ilungelo labafundi lokuthola imfundo esezingeni. Njengoba senilitholile ithuba, yenzani konke enikutshelwa othisha ngoba bazama ukwakhela nina ikusasa eliqhakazile," kusho u-Emeran eluleka abafundi.

Ukuququdwa amakhaza ekuseni sekuphele nya njengoba iPRASA inikelele abafundi nangezigqoko zokuvikela amakhaza ezifaniselana nomfaniswano weskole.

U-Emran uthe lokhu bakwenzele nokukhuthaza abafundi ukuba bengalovi esikoleni ngenxa yamakhaza. Usuku luphothulwe ngokuphakela abafundi ukudla okunomsoco.

## Kuhlomule izingane ezingaphezu kuka-130 kolweTransnet National Ports Authority

ITRANSNET National Ports Authority (TNPA) ibe iphenduke isibani esikhanya ebumnyameni ezinganeni ezingenabazali nezivela emndenini edonsa kanzima ngenkathi iqhuba umkhankaso wayo wokubungaza iMandela Day.

Abasebenzi bayo bahambise usizo olusemqoka kwiHepburn Children's House eseMbilo kanye neSiza Community Centre eseMlazi. Ikhaya ngalinye lithole usizo ebelilidinga ngokushesha.

EHepburn kulungiswe kabusha ingqalasizinda, kwacentwa igceke, kwapendwa kabusha. ESiza kwanikelelwa izingane ezihlala khona ezingu-130 ngezijumbana zokudla nezinye izinsiza ezidingeka nsuku zonke.

ITNPA igcizelele ukuzibophezela kwayo ekubambisaneni nabezinhlangano zomphakathi ezibhekelela izidingo zababuthaka. Ikhuthaze nabanye abanamandla ukuba bengasaleli ngemuva kwizinhlelo zokubuyisela emphakathini.



Kuphunguleke umthwalo abeTransnet National Ports Authority (TNPA) benikelela amakhaya ezintandane ngeMandela Day



Kuhambe phambili ukunakekelwa kwemvelo kwabezinhlangano ezihlomule kolweHollywood Foundation lweMandela Day.

## Bazizwe bengabakhethekile bevakashelwa osaziwayo

KUSALE kuqhakaze izingadi ezimbili emalokishini aseThekwini ohlelweni lweHollywood Foundation lokubuyisela emphakathini ngokulandela ezinyathelweni zikaDkt Nelson Mandela.

Uhlelo lwale nhlangano lwango-2025 lugxile kwimvelo ngenhloso yokukhuthaza ukuqalwa kwezingadi ukuze kungeke kube nabaswela ukudla ngaphansi kwesiqubulo esithi It's Still in Our Hands to Combat Poverty and Inequality.

EMlazi kuhlomule iVelaNjabulo Foundation enqume ukuhambisa uhlelo lwayo eVukuzakhe High kanye neMseni NPO yaKwaMashu. Lezi zinhlangano zombili zihlomule kanye nezilishumi zakuleli.

Ngokuhlanganyela nabezinhlaka ezehlukene, izinhlangano zinikelelwe ngezinsizakusebenza nembewu, izincwadi ezinamasu okupheka, nokunye okuqukethe ulwazi ngezolimo.

Kwisitatimende iHollywood Foundation esithumele kwabezindaba, ithe ikholwa ukuthi lokhu kuzoqinisekisa ukuthi nezizukulwane ezizayo zikhula zikuqonda ukubaluleka kokuqalwa kwezingadi.

Abale nhlangano bafike eMlazi behambisana nabayizikhulu kwizinhlaka ezehlukene zikahulumeni, KwaMashu bafika behambisana nosaziwayo nabasakazi boKhozi FM.

UMnuz Mpho Dintwa oyiCSI Manager kule nhlangano, uthe bakholwa ukuthi impumelelo yabakuhlelile ikaleka ngomehluko owenzeke ezimpilweni zabantu. Wedlulise ukubonga kwabaseke lo mkhankaso, wabongela nabahlomulile.

# Usebenzisa ezikaqedisizungu ukukhuthaza indlela efanele yokuziphatha

UKUGQOZA kwamathuba okuzibonakalisa nezinhlelo ezibhekelela ukusimama kwamaciko amancane asendimeni kamaskandi eThekwini kumenze wazinikela ekuhleleni imcimbi ngenhloso yokunika abeza emva kwakhe ithuba angalitholanga yena.

UMfanafuthi Mbatha odume ngelikaMavalanomshadikazi, uthi akafisi ukubona amaciko amancane ebhekana nosizi olufana nalolo adlula kulo esemusha endimeni yomculo. Ngokuhlela kwakhe imcimbi, uphinde abe isibonelo sokulekelelwa kwabadonsa kanzima emphakathini.

UMbatha usungule inkampani ezogxila ekwenzeni lo msebenzi iMavala Communications and Community Arts Development, ngayo athi ukholwa ukuthi ngeke igcine ngokunikeza amaciko ithuba lokuzibonakalisa, kepha izophinde ivundulule inqwaba yamakhono.

"Ngihambe kwaze kwaguga isicathulo ngizama ukuthola uxhaso namathuba okuzibonakalisa kodwa angitholanga zithelo. Kunzima uma uyiciko eliselisha ngoba akekho ofuna ukusondelana nawe, ekubeni nokuqopha umculo kukodwa kudinga izindodla zemali esingenazo," kusho uMavalanomshadikazi.



Kuzobe kusina kudedelana inqwaba yamaciko kwiTheku Maskandi July ezobe iseThe Union, esigcemeni sakwa-V eMlazi

IMavala Communications and Community Arts Development ihlele umcimbi oyingqophamlando iTheku Maskandi July ezobe iseThe Union eyayiwa ngokuthi iseYadini Lounge, kwa-V, eMlazi, lapho kuzobe kuboshelwe khona inqwaba yomaskanda abangamavukana nasebemnkantshubomvu.

Uveze ukuthi umcimbi uyisiqalo senqwaba yezinhlelo anazo zokuthuthukisa omaskanda baseThekwini ngenhloso yokuvala igebe lokuqashwa kwamaciko akwezinye izindawo uma kunemcimbi emkhulu eyenzeka kwelikabhanana, ephinde ebonakalise amandla omaskandi emnothweni wedolobha.

"EThekwini kunakwe kakhulu ezinye izinhlobo zomculo nakuba bebaningi abantu abathanda umaskandi, futhi sinamaciko akhiqiza umculo osezingeni eliphezulu. Aseneme nangokuqashwa kwamaciko akwezinye izindawo ukuba ezonandisa ekubeni sinekhono eliyisimanga elinganikwa ithuba," esho.

Ngaphezu kokuhlela imcimbi, le nkampani izophinde ibe nezinhlelo ezizolwisana nezinkinga ezidalwa ukungaziphathi ngendlela efanele kwentsha. UMavalanomshadikazi uthe uthathe leli gxathu ngoba umculo agxile kuwo uncike kakhulu kusikompilo laKwaZulu.

"Umaskandi uwumculo okhuthaza ukuzigqaja ngobuwena nemvelaphi yakho. Intsha yamanje isiba nezingane ingaganile, yenza ubugebengu, kanti enye izinikele kwizidakamizwa okuyizinto isintu esingahambisani nazo. Ukuthuthuka kukamaskandi kuzoba noshintsho nakwisimo senhlalakahle."

Kulo mcimbi ohlelelwe umhlaka 27 Julayi, kuzobe kunandisa uMjolisi Mbuzeni, Gadla Nxumalo, Itshwasa Lekhansela, Mfiliseni Magubane, Ichwane Lebhaca, Mphuphe, Overload, Sbhomane, Mjabulisi, Lagxabha, Mxhashazwa, AmaQuality, Amatshekedula, noKhulekani Shongwe

UMatshitshi Ngema, Izihlabani, Somatekisi, Decrease, Solwazi, Dr Buselaphi, Thandeka Hadebe, Thulani Zindela, Vumile Mngoma, AmaYellow Bones, noSanda Magubane nabo bazobe bekhona.

Abaphathi bohlelo uMc Malegin, Mc Namba 4, Mc Madlokovu, noMc Kiss Before. Umcimbi uqala ngo-2 emini, kungenwa ngo-R50 ngaphambi kuka-5 ntambama, ebese kuna u-R100 emva kwalokho. Kukhuthazwa ukuhloniphana nokuphuza ngokuzinakekela

Abanesifiso sokwazi kabanzi ngalo mcimbi bangaxhumana ngqo noMavalanomshadikazi kwi-Whatsapp ku-083 880 6605.



# Umlando amaBhokobhoko amancane enqoba indebe yomhlaba

**Ntokozo Cele**

AmaBhokobhoko Amancane aqophe umlando enqoba isicoco seWorld Rugby U20 Championship, ehlula iNew Zealand U20 23-15 kowamanqamu obubanjelwe e-Italy ngoMgqibelo mtambama ziyi-19 kuJulayi,2025.

Leliqembu laseNingizimu Afrika libonise ikhono eliyisimanga, ukuzimisela, ngenkathi liqeda lomqhudelwano ngaphandle kokudliwa. Lokhu kunqoba okumangazayo kuphawula impumelelo ebalulekile yeqembu, njengoba likwazile ukuqoqa amaphuzu angama-226 ngenkathi lilahle amaphuzu angama-77 kuphela kumqhudelwano wonkana.

Ngokusho kukamqeqeshi wamaJunior Springboks uKevin Foote, uthi ukudla umhlanganiso kwabo bekulele kwikhono labadlali bakhe lokuzibamba ziqine emumva.

"Impumelelo yeqembu iwubufakazi bokusebenza kwabo ngokuzikhandla, ukuzinikela nokusebenza ngokubambisana."

Ngesikhathi bebuyela eNingizimu Afrika laba badlali bamukelwe njengamaqhawe, abalandeli bejabule nomengameli weSA Rugby Union uMark Alexander bebungaza impumelelo yabo.

INingizimu Afrika iqale amaphuzu ngenkathi uXola Nyali elibeka ngale komugqa zibekwa nje. Umdlali waseNew Zealand uSika Uamaki Pole ukhishwe ngaphandle ngomzuzu wama-22, ngekhadi elibomvu eliphinde lenyuswa laba yimizuzu engu-20, lokhu kunike iNingizimu Afrika ithuba lokuqoqa amaphuzu. Umdlali wasemuva u-Gilermo Mentoe ubeke iwini i-chip kick, welula i-lead yafinyelela ku-23-8 kusele imizuzu emithathu nje kuphela.

Ngesikhathi ebuyela eNingizimu Afrika, amaJunior Springboks aphinde amukelwa njengamaqhawe, abalandeli bejabule nomengameli weSA Rugby Union uMark Alexander bebungaza impumelelo yabo. Ukaputeni u-Riley Norton uzwakalise ukuziqhenya nokubonga, wathi,

"Lokhu kuwina kungokwabo bonke abasisekela ekhaya," kuchaza uKaputeni u-Norton.

Ukunqoba kwamaBhokobhoko Amancane kuyingqophamlando ebholeno lombhoxo waseNingizimu Afrika, okukhombisa ikhono lezwe lokukhiqiza abadlali abancane abanekhono. Ukuphumelela kwaleli qembu kulindeleke ukuthi kugqugquzele izizukulwane ezizayo zabadlali bebhola lombhoxo nabalandeli, kuqhubeke nokuqinisa isithunzi seNingizimu Afrika njengesizwe esinamandla ebholeni lombhoxo.



Iqembu lamaBhokobhoko Amancane equkule indebe yomhlaba ya-U20 e-Italy mhla ziyi-19 Julayi, 2025, ngemumva kokuguqisa iNew Zealand 23-15.

---

## Bakhiphe unyawo abasiki bengqephu Hollywoodbets Durban July ka2025

**Ntokozo Cele**


I-129th Hollywoodbets Durban July, ebingoJulayi 5, 2025, eGreyville Racecourse ibe yingqophamlando, ngendlela abantu abasihloniphe ngakhona isiqubulo salonyaka i-"Marvels of Mzansi" ebesihlose ukuhlonipha amagugu namaqhawe aseNingizimu Afrika kusetshenziswa ngemfashini.

Abasiki bengqephu abaphambili abafana ne-Zarth Designs no-Martin John Bespoke bebekhona nabo bebonisa imfashini yabo yakamuva. Imibukiso yemfashini yalomcimbi ibiwubufakazi bekhono laseNingizimu Afrika lobuhlakani bokwenza njengoba i-Hollywoodbets Durban July Fashion Experience, eyethulwe yi-Durban Fashion Fair, ebibophele abasiki bengqephu abasebasha, abasafufusa, kanye nalaba abamunkantshu bomvu, bonke bekhangisa ngemfashini yabo ngaphansi kwesiqubulo esithi "Marvels of Mzansi".

UNomathemba Zikhali (30), ngokokuzalwa udabuka kwaMhlaba Uyalingana eMbazwana, kodwa uzinze e-Pietermaritzburg lapho kunesitolo sakhe semfashini eyaziwa ngokuthi i-Khusi Duo.


Ngokusho kuka Zikhali ukhethe izilwane zasendle zakuleli njengezilwane eziyigugu kuyena, lezi zilwane zaziwa ngokuthi iBig Five.

"Yimina ozenzele lengubo njengoba iyinhle kanjena. Umqondo walengubo ubugqugquzelwe i-Big Five, okwenza ngikhethe zona ingoba ngithanda indlela ezenza ngayo ehlukile. Lokhu okungemumva kimi kungathi ngihleli esihlalweni sobukhosi. Ngihlezi nginesofiso sokuzizwa njengeNdlovukazi," kuchaza uZikhali.






Nokhanya Dlamini, Lungelo Buthelezi, Okwami Khuzwayo, Favour, Snethemba Myeza, Luyanda Majozi, Sbahle Dlaba, Brandon Sikhakhane, Samantha Ndlovu laba abamodeli be-DFF  kanye nabasiki bengqephu yabo behlonyuliswa ngu-Hollywoodbets Durban July bukhoma ngamagalelo abo kulomcimbi.




Ihhashi lomjaho u-The Real Prince, ebeligitshelwe ujokhi uCraig Zackey, lidle umhlanganiso ku-2025 Hollywoodbets Durban July eGreyville Racecourse ngoJulayi 5, 2025. Isithombe: THULI DLAMINI

